



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2017**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 80**

**Le memorandamu inamakhasi angama-24.**

### **Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)
2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.
3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.
4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.
5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.
6. Uma isipelingi siguqule umqondo wependulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguqli umqondo wependulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
7. *Imibuzo emide*  
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walovo ohlolwayo.
8. *Imibuzo emifushane*  
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.
9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.
10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)****YEKANINI UKUNGAZI – PB Vilakazi**

Impendulo mayibhekiswe kokulandelayo:

1. Isingeniso:

Ukubumbeka kwenkondlo kwangaphandle kuqondwe konke okuyizimpawu zenkondlo okubonakalayo okubandakanya ukubumbeka/ukwakheka kwayo njengalokhu: ifanamsindo, amabinza, imigqa, ukuxhumana, imvumelwano nokunye.

2. Umzimba:

## • Ifanamsindo:

Ukuphindaphindeka kwemisindo efanayo emagameni asemgqeni owodwa okungaba onkamisa noma ongwaqa.

## ➤ Ifanankamisa

Kuqondwe ukuphindaphindeka konkamisa abafanayo emagameni asemgqeni owodwa.

Isibonelo: Umugqa wesi-2: **Ayequndekil' amehlo engaboni**  
(Nezinye izibonelo ezinembayo zamukelekile)

## ➤ Ifanangwaqa

Kuqondwe ukuphindaphindeka kwemisindo engongwaqa emagameni asemgqeni owodwa.

Isibonelo: Umugqa wama-39: **Zonk' izintaba zempilo ziqongile,**  
Lokhu kuphindaphindeka kwale misindo kudala umgqumo kanye nokusamculo omnandi.

## • Amabinza

Le nkondlo yakhiwe ngamabinza ayisishiyagalombili. Ibinza ngalinye liqukethe umqondo ophelele mayelana nenkondlo. Amabinza awalingani. Kukhona amade kukhona namafushane.

Isibonelo: Ibinza loku-1 nelesi-7 made anemigqa eyisi-8 kanti elezi-3 nelesi-6 mafushane ngoba anemigqa emi-4.

## ➤ Ukuhleleka kwemigqa:

Le nkondlo yakhiwe imigqa emide ngenxa yenani lamagama akhona emigqeni asukela kwamathathu kuya kwamane.

Isibonelo: Umugqa wesi-2 unamagama amathathu.

Isib: Ayequndekil' amehlo engaboni,

Umugqa wesi-4 unamagama amane.

Isib: Ngingaboni kuphuma nakushona kwelanga,

➤ Izimpawu zokuloba:

Eminingi imigqa inezimpawu zokuloba ezisetshenzisiwe okuholela ekutheni imigqa ivaleke. Lezi zimpawu zokuloba zidale ukuthi isigqi sinense ukugcizelela lokho okufuna ukushiwo yimbongi. Izimpawu ezisetshenzisiwe yilezi: ukhefana, umbuzi, i-aphostilofi kanye nongqi.

- Ukuxhumana kanye nemvumelwano

Imbongi isebeenzise ukuxhumana ukugcizelela. Isib

Imigqa ye-10 neye-11: Ngibik' ubuthakathaka ngokufehla,  
Ngibik' indlala ngokudind' isililo,

Imigqa yama-31 neyama-32 imbongi isebeenzise imvumelwano siqalo: Isib.

Ngibamb' insimb' eshisayo ngezandla,  
Ngibhinc' izigege ezidilikayo,

(Ohlolwayo uyonikeza nezinye izibonelo zokubumbeka kwenkondlo kwangaphandle kanye nempumelelo yembongi kulokho akukhombisile.)

3. Isiphetho:

Izibonelo ezinikezwe ngenhla zikhombisa ngokusobala ukuthi imbongi iphumelele ukusebenzisa ubuciko bayo bokubumba ingaphandle lenkondlo.  
(Impendulo mayibhalwe njenge-eseyi)

### NOMA

### UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

#### WAWUNGAZI – BP Dlamini

- 2.1 Isathaya.√ Imbongi igxeka umuntu owayekade ezidla ebukela abanye abantu phansi kepha ekugcineni wagcina engaselutho esewile.√ (2)
- 2.2 Emgqeni wesi-3 imbongi isebeenzise isisho esichaza ukubusa kwalo muntu esaziggaja ebukela abanye abantu phansi√ kanti emgqeni we-12 imbongi isebeenzise isifengqo esiyisifaniso esichaza isimo sokuphela kokuziggaja ngoba lo muntu usephansi/akasenalutho.√ (2)
- 2.3 Imbongi ihlose ukusivezela indlela laba bantu abasebephakeme ngayo.√ Laba bantu base bevaleke amehlo bengasaboni nokuthi sebephakeme ngokwedlulele, abasenamkhawulo, sekubenze bazibona bephezulu nakuMdali wabo.√ (2)
- 2.4 Ukusetshenziswa kwamagama kungilekelele ukuqonda umoya wendumalo nokukhathazeka.√ Akumele ubukele abanye abantu phansi ngesikhathi usaphila kahle ngoba ngelinye ilanga uyozithola usuzisola usudinga usizo lwabo njenga lo muntu imbongi ekhulumula ngaye.√ (2)
- 2.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa ifanangwaqa u 'gqagqamuka uzigqaja' ukugqamisa indlela ayehamba ngayo√ futhi ekhulumela phezulu engabazi abanye abantu.√ (2)

[10]

### NOMA

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)****NOMA SEKUNJE – LF Mathenjwa**

- 3.1 Imbongi isebeenzise umbuzombumbulu ukuveza isimo esibuhlungu/ esidabukisayo sokungabi sasixazululo enkingeni esiwumbuzo ongenakuphendulwa muntu.√√ (2)
- 3.2 Abantu abathile asebephila kahle.√ Nakuba kunjalo abanye abantu basaphila impilo yokweswela ayikho inguquko ekhona empilweni yabo.√ (2)
- 3.3 Indikimba yale nkondlo imayelana nepolitiki.√ Abantu baphelelwe amathemba okuphila kangcono ngenxa yenkohliso nokungathembeki kosopolitiki emva kokuba sebebavotele.√ (2)
- 3.4 Imbongi ikhumbula umsindo nesasasa elikhulu elaba khona mhlazane kuvotwa lapho abantu bebona isimo sezinto sizoshintsha sibe ngcono kakhulu.√ (2)
- 3.5 Imbongi ipumelele kahle ukusebenzisa umfanekisomqondo obonakalayo. √ Lo mfanekisomqondo ugqamisa ukuhlupheka kwabantu, imbongi ithi bajabhile baphatheke kabi ngenxa yokuphela kwamathemba ababenawo.√ (2) [10]

**NOMA****UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)****INHLONIPHO – KM Hlongwane**

- 4.1 Isigqi esinensayo.√ Emingi imigqa ivalekile/inezimpawu zokuloba okudala ukuthi isigqi sinense.√ (2)
- 4.2 La mabinza womabili aveze ukungahloniphi kwengane.√ Ibinza loku-1 ayihloniphi umzali kanti ibinza lesi-5 likhombisa ukungahloniphi othisha.√ (2)
- 4.3 Imvumelwano siqalo u 'nga ... osemqgeni wama-25 nowama-26' igcizelela ukuthi nguyenca umzali uqobo okhuza ingane yakhe kepha ayimlaleli.√ Le ngane imbona esaphila ngendlela yakudala futhi iphinde isebeenzise namalungelo ayo.√ (2)
- 4.4 Imbongi ihlose ukuveza indlela le ngane edelela ngayo.√ Ngokuqhenya okunokudelela imbuza ngeso elibi umzali wayo uma eyikuza.√ (2)
- 4.5 Imbongi ipumelele kahle ukuveza ukuxhumana okusekuqaleni 'Waba ...' ukugcizelela.√ Izenzo zale ngane zokungahloniphi zagcina sezaziwa ngumphakathi kanye nezwe lonke sekuyinto okuhlekiswa ngayo.√ (2) [10]

**KANYE**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)****MINA NAWE SOTHI, 'WE BA?' – HEA Made**

- 5.1 Isonethi√ ngoba inemigqa ewu-14.√ (2)
- 5.2 Bayobe sebesaba uMdali ebatshela amaquiniso abuhlungu noma ebabuza ngezenzo zabo ezingabanga zinhle besesemhlabeni.√√ (2)
- 5.3 Umyalezo wale nkondlo uthi kumele sihlale silulindele usuku lokugcina. √ Ngakho-ke lingelekelele ukuqonda ukuthi uNkulunkulu nguyena omkhulu kunabo bonke abantu nowenza izimangaliso. Ufuna abantu bonke balandele imiyalelo yakhe.√ (2)
- 5.4 Imbongi ihlose ukuveza ukuthi umqondo walokho ekushoyo usuka emgqeni we-11 uphelele emgqeni we-13√ okuwukuthi abantu bayozama ukubaleka uma sebehlungwa basaba ukuyongena esihogweni ngosuku lokwahlulelwa.√ (2)
- 5.5 Ngiyavumelana, ngoba imbongi iyesaba ngokuyokwenzeka uma sekufika isikhathi sokuphela komhlaba nanokuthi ngabe abantu bayobe bekulungele yini lokho.lze isebezise ngisho nombuzo mbumbulu.√√

**NOMA**

Angivumelani, akubona bonke abantu abayoba novalo uma kufika isikhathi sokugcina sokuphela komhlaba ngoba bayobe belulungiselele lolu suku. √√

(2)  
[10]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: INOVELI****UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya****QAPHELA:**

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge - eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa ikhono lombhalo lokuveza abalingiswa ngobunjalo babo kule noveli.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze izindlela zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo.
- ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe, acaphune abuye asekele izindlela abalingiswa abavezwe ngayo ngobunjalo babo, ngokubhekisa kubalingiswa abanikeziwe kanye nezibonelo ezisuselwe kule noveli.
- ❖ Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhalo ekuvezeni kwabalingiswa ngobunjalo babo kule noveli.

1. Isingeniso

Umbhali usebenzisa amakhono ahlukahlukene ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Isibonelo: oqotho, ozithandayo, onolaka, onesibindi, oyigwala njil. Umbhali abalingiswa angabaveza ngokubachaza, ngezenzo zabo, asebenzise abanye abalingiswa ukuveza abanye abalingiswa kanye nangendalela abakhulumu ngayo.

2. Umzimba

## (a) uNontobeko

- **Unothando.** Uthanda isoka lakhe okunguMhlengi akanelisekile noma esethole umuntu omthandayo ngokweqiniso onguNkululeko. Uyamala uNkululeko ngosuku olwandlela olomshado ngoba ezmisele ukuyofuna uMhlengi kubo yize ayesemtshelile ukuthi abehlukane.
- **Uneqiniso.** Akamfihlelanga uNkululeko ukuthi inhlizyo yakhe isanamathele kuMhlengi. Akazange athwese uNkululeko umthwalo wokuthi umshayise ngemoto. Wabeka umoya phansi ngoba wabe azi ukuthi uyena owaziphonsa emotweni ngenxa yenhlizyo ebuhlungu.
- **Unesibindi.** Ufika ngokuzithoba kuNgidi ezofuna uMhlengi. Utshela uNgidi ukuthi uzohamba ayomfuna uMhlengi lokho okwenza uNgidi ashintshe umqondo ngothando lukaMhlengi ayesemdubile.

## (b) uNgidi

- **Unothando.** Uthanda indodana yakhe uMhlengi uze ayabele namafa akhe. Unothando lukaNomalanga usethembise ngisho nokumshada njengoba bethandana. Ube nothando lukankosikazi wakhe owashona mhlazane ebeletha uMhlengi wakwazi ukuhlala akhulise uMhlengi ngaphandle kokujaha ukuganwa.
- **Unolaka.** Uxosha uMhlengi lapho emtshela ukuthi uyi-gay. Uthi angaphinde abuye eze ekhaya akafuni ukuphinda ambone.
- **Unozwelo.** Ukufika kukaNontobeko kwenza wamzwela waba nethemba lokuthi hleze amthole uMhlengi abuyelana noNontobeko. Lokhu kumzwela kumenze waguqula isethembiso ayesenze noNomalanga sokuthi akamdingi uMhlengi empilweni yakhe.
- **Unezimfihlo.** Akawazanga ukutshela uNontobeko iqiniso lokuthi kungani uMhlengi engamazi ukuthi washonaphi nokuthi kungani uMhlengi amala uNontobeko. Akazange amtshela uNomalanga ukuthi usesiguqulile isinqumo sokungafuni lutho olumhlanganisa noMhlengi.

## (c) uNkululeko

- **Uneqiniso nobuntu.** Ukwazile ukuma aphuthumise uNontobeko esibhedlela emva kokumshayisa ngemoto. Wenza nesiqiniseko sokuthi uyamhambela esibhedlela aze alulame.
- **Unothando.** Uthe emva kokuqonywa nguNontobeko wabe esethumela abakhongi ukuze bashade. Ngenxa yothando akamphikisi uNontobeko uma embekela imibandela yokuthi aze angaphatheki kabi uma egcina engaphelelanga kuye.
- **Uthathela izinto phezulu.** Akaziniki isikhathi esanele sokwazana noNontobeko. Wathi angavuma nje uNontobeko wala zonke izintombi zakhe. Uthatha isinqumo sokuzibulala uma aliwa nguNontobeko ngaphambi kosuku olwandulela umshado.

## (d) uMahlengi/uMhlengi

- **Uyazithanda.** Umbhali umchaza ngezimpahla aziggokayo simbona ezcwala, ethanda ukuzibuka uma eggoka. Uziqhola nangamakha abizayo abesifazane *'Red Door'*, indawo ahlala kuyo yinhlle ihlanzekile. Ushintsha izimpahla uma efika efulethini lakhe afake ezinye. Ufaka izingubo ezihambelanayo ibhulukwe elimnnyama nehembe elimhlophe nendawo ahlala kuyo ichazwa ngokuba nezinto ezinhle.
- **Uhambisana nesikhathi.** Uqala engumuntu wesilisa othandana noNontobeko. Uya eKapa afike aziguqule ubulili bakhe. Ubuyela eThekwini esengumuntu wesifazane othandana noNdumiso. Emva kokuhlangana noXolani emhlanganweni ugcina ngokumqoma.
- **Uyiqili.** Uma eseKapa wakwazi ukuthola ipasi elisha ngendlela enobuqili elase libhalwe ukuthi unguMahlengi Ngidi.
- **Unesibindi.** Uqonda uNontobeko umtshela ukuthi abahlukane. Uphinde aqonde kuyise uNgidi amtshela ukuthi uyi-gay. Uqoma uXolani oshadelwe uphinde wala isoka lakhe uNdumiso ngencwadi. (Amukelekile namanye amaphuzu)

(Umfundi uyoqhubeka asekele ngokwencwadi aveze namanye amaphuzu)

3. **Isiphetho (uvo lohlolwayo)**

Umbali uphumelele ukusebenzisa ikhono lakhe lokusivezelwa abalingiswa ngezindlela ezahlukahlukene kule noveli yakhe. Lokhu kwenze ukuba abalingiswa bakholeke kanjalo nenovel i be noheho.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

### **NOMA**

#### **UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

##### **BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya**

- 7.1 Ukuvalelisana okungenamndlala phakathi kukaNdumiso noMahlengi.✓✓ (2)
- 7.2 UNdumiso unethemba lokuthi uma engase amthole uNgidi angakwazi ukuthola imali yokulobola uMahlengi njengoba ebona uthando lwakhe noMahlengi lungahle luphele.✓✓ (2)
- 7.3 Uthatha isinqumo sokulobola uMahlengi ukuze angamphunyuki.✓ Ubheka inombolo yocingo lukaNgidi oyisigwili saseSayidi axoxelwe ngaye nguSbu.✓ Uthatha isinqumo sokushayela uNgidi ucingo.✓ (3)
- 7.4
  - Ukusuka eThekwini aye eGcilima eyobamba uNgidi inkunzi.✓
  - Ukudubula kwakhe uNyambose owayehlala esangweni njengonogada emzini kaNgidi.✓
  - Ukususa kwakhe imoto ngesivinini esikhulu okwenza abantu bendawo baphuthume kwaNgidi.✓
  - Ukucelwa ngu'Sbu ukuthi adlule amthathele intombi yakhe okuyiyona eyezwa ezindaben i ukuthi kunomuntu osegebenge uNgidi yabe isibikela amaphoyisa.✓
 (Okuthathu kwalokhu) (3)
- 7.5 Simveze njengomlingiswa ongasenalo uthando lomndeni wakhe/ongenalo uwelo/onesihluku/onguthathekile.✓ Nakuba eselubonile usizi nokukhala kukaLungile eshelwe umuzi nezingane kepha unquma ukumshiya ahambe aye kuMahlengi oyisithandwa sakhe.✓✓ (3)
- 7.6 Sasingacina sinesiphetho esingesihle✓ ngoba babengacina bembonile ukuthi akathembekile futhi unesimilo esixegayo bese elahlekelwa yibo bobabili.✓✓ (3)
- 7.7 Uba nodlame emphakathini ngokushaya uXolani ngoba esola ukuthi uthandana noMahlengi.✓ Uzithola ese hlala ngokuxabana noMahlengi ngenxa yesikhwele. ✓ Uyaqhube ka uyobamba uNgidi inkunzi eGcilima.✓ Ugcina ngokukhipha umphefumulo womuntu ongenacala uNyambose.✓ (4)

- 7.8 Akukholakali ngoba kuvamise ukuthi labo bantu abathandane ngosuku lokuqala kungabi yilona uthando Iweqiniso kodwa kube ngukuthatheka nje okuyaye kwenze basheshe bahlukane.✓✓

**NOMA**

Kuyakholakala ngoba kuyenzeka kube nomuntu omthanda nje uqala ukumbona ngenxa yendlela abukeka ngayo, agqoke ngayo, nakhuluma ngayo.✓✓

(2)

- 7.9 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isu lokubikezela ngesikhathi uNkululeko encenga uNontobeko ukuthi bathandane. UNontobeko wamcela ukuba angaphatheki kabi uma lungaphela uthando Iwabo.✓ Nebala uNontobeko wanquma ukungaqhubeiki nomshado, wamala uNkululeko✓ ngoba inhlizyo yakhe yayisabambelele kuMhlengi.✓

(3)

[25]

**NOMA****UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi****QAPHELA:**

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge - eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa ikhono lombhali lokuveza abalingiswa ngobunjalo babo kule noveli.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze izindlela zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo.
- ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe, acaphune abuye asekele izindlela abalingiswa abavezwe ngayo ngobunjalo babo, ngokubhekisa kubalingiswa abanikeziwe kanye nezibonelo ezisuselwe kule noveli.
- ❖ Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo Iwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekuvezeni kwabalingiswa ngobunjalo babo kule noveli.

1. **Isingeniso**

Umbhali usebenzisa amakhono ahlukahlukene ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Isibonelo: oqotho, ozithandayo, onolaka, onesibindi, oyigwala njll

Umbhali abalingiswa angabaveza ngokubachaza, ngezenzo zabo, asebenzise abanye abalingiswa ukuveza abanye abalingiswa kanye nangendlela abakhuluma ngayo.

## 2. Umzimba

### (a) uNomvula

- **Ukhohliseka kalula.** Ukhohliswa uSkiti ukuthi akaphose imali phansi ukuze ayikhiphe amabhadi nangempela wakwenza lokho uNomvula ngaphandle kokunanaza. Uvumela ukukhohliswa uChule obezenza umfundisi omvikelayo waze wacina eshade naye wala isoka lakhe uGenyeza.
- **Unomoya omuhle.** Ulungile abanye baze bamthathise okwesinoko nesilima.  
Upha abakubo imali nezimpahla nakuba esazi ukuthi uMaHadebe akamfiseli okuhle. Abuye aphe umama wakhe imali eningi ngasese. Aphinde futhi aphe nomakhelwane imali.
- **Unoxolo.** Nakuba uMaHadebe wayefuna ukumbulala kodwa wabaxolela waze wabakhela umuzi wesitini wawufaka nefenisha.

### (b) UChule:

- **Uyigovu.** Uqola abafelokazi izimali zabayeni babo, uthandana nabo ukuze afinyelele kulowo mcebo asuke esewubona. Ufuna kube nguye yedwa odla umcebo kaNomvula uze uzama ukumbulalela wona.
- **Unamanga.** Ukhohlisa uNomvula ngokuthi inkosikazi yakhe yashona emva kokubeletha umntwana wesithathu nabantabakhe abanye bashayiswa yimoto.
- **Unesikhwele.** Akafuni uNomvula alalele umculo kaGenyeza nanokuthi uma ezwa ukuthi ucula ngothando lwabo noNomvula emsakazweni nakumabonakude uthethisa uNomvula.
- **Unothando.** Yize ekuqaleni injongo yakhe ngoNomvula kwakungukumgebenga, kodwa ngokuhamba kwasikhathi wayesemthanda ngokweqiniso.

### (c) uMeyili

- **Unolaka uyathetha.** Uthethisa uMaNdelu unina kaNomvula embangisa ukuthi uNomvula umbhalele incwadi emazisa ngodaba lwe-pick-six. Uphinde athethise uMaHadebe ngoba ethi ungenaphi endaben i yokuyolandwa kukaNomvula eThekwini.
- **Unomona.** Uxabana nabakhongi ababethunywe uChule ukulobola uNomvula ngoba esenemali. Ufuna imali kaNomvula idliwe nguye kuphela, hhatyi amahuzu aseThekwini. Uthatha imali ethunyelwe nguNomvula eyithumelela uMaNdelu.
- **Uyiqili, uzenza onothando.** Ubiza umhlangano womndeni, uhlela ukuba kulandwe uNomvula ukuze kutholakale le mali ayiwinile.
- **Unozwelo.** Umbono kaMaHadebe akahambisani nawo wokuba kubulawe uNomvula ukuze bathole imali. Akazange amfisele ukuba afe uNomvula.

## (d) uMaHadebe

- **Unenhliziyo embi.** Uzama ukubulala uMaNdelu ukuze athole umcebo kaNomvula. Utshela uMeyili ukuthi makudliswe uNomvula ukuze bacebe. Uzama ukubulala uNomvula ngoshevu ukuze athole umcebo wakhe. Uthumela uMaHuzu indodana yakhe ukuyobulala uNomvula okuphethe ngokuthi kufe yona
- **Uyazisola.** Emva kokuba esebonile ukuthi izenzo zakhe zokufuna ukubulala uNomvula ukuze afinyelele emcebeni wakhe aziphumeleli wabe esezisola wacela uxolo kuNomvula.

3. Isiphetho (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele ukusebenzisa ikhono lakhe lokusivezelwa abalingiswa ngezindlela ezahlukahlukene kule noveli yakhe. Lokhu kwenze ukuba abalingiswa bakholeke kanjalo nenovel iibe noheho.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

**NOMA****UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

- 9.1 Ukufika koNgubane bezodayisela uMirriam umshwalense nefenisha abangayipheth.✓ uGenyeza wase eba nesikhwele wabashaya ngemvuba ngoba esebona ukuthi bazomthathela yena.✓ (2)
- 9.2 UHlulintombi ubonakala ejabulela ukusetshenzisa nguGenyeza ngoba naye esebona imali eningi ayezoyizuza.✓✓ (2)
- 9.3 Ungumlingiswa ongaguuki ohlala elungile/enenhlonipho.✓ Umcebo wakhe awumguquli nakancane kwala esehlukunyezwa uGenyeza embiza nangamagama emthembisa nokumshaya kepha usaqhubeka nokumhlonipha.✓✓ (3)
- 9.4
  - UMaHadebe uthumela indodana yakhe uMahuzu nabangani bakhe ukuthi bayodisa uNomvula umuthi ukuze ahlanye angakwazi nokukhuluma indaba yocingo yokufa kukaMaNdelu.✓
  - OMahuzu bahlasela uNomvula kepha bagcina bengaphumelelanga, kulimala abangani bakhe belinyazwa nguNomvula, uNomvula uyasinda elekelelwu nguChule, bashayela namaphoyisa.✓
  - OMahuzu bayabaleka kepha bagcine bethole ingozi yemoto, uMahuzu ushonela lapho.✓
 (3)
- 9.5 Simveza njengomlingiswa oyiqili.✓ Wenze uNomvula wamkholwa ukuthi ukuze umcebo wakhe unganyamalali kumele ukhishwe amashwa usebenzisa inkolelo yesintu lapho kufanele izinto zihlanzwe ukuze azozuza naye kulo mcebo.✓✓ (3)

- 9.6 Wayengagcina eselahlekelwe yibo bonke abangani/wayengagcina ebulewe✓ ngoba babengagcina bembonile ukuthi akathembekile futhi unomhobholo akusye umngani weqiniso.✓ Imali yayimheha kalula agcine esethengisa ngabangani bakhe ezitheni njengoba enza kuGenyeza ngokumthengisa kuChule.✓ (3)
- 9.7 Udweshu empilweni kaMirriam lubhebhethekiswa:  
 Ukufika kwezintatheli zizocoshela izindaba zokuwina kukaMirriam nokuthwebula izithombe. Wafika uGenyeza wabathethisa wabuza ukuthi babekwa yini emzini wakhe, wabakhipha ngemvubu wathembisa nokushaya uMirriam uma eqhubeka ekhulumisa amadoda.✓✓ UHlulintombi ubiza uGenyeza ngoba sekufike umsakazi uNdebezinoju ongashiyi lutho kubantu besifazane. Wathukuthela waqonda kuyena ephethe umshiza nemvubu. Kwaba ukubaleka kwabo abasakazi bephuma behlehlanya. Wathukuthela uGenyeza ngoba ethi uhlushwa abantu angakaze ababone nanini.✓✓ (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukelwa.) (4)
- 9.8 Kuyakholakala ngoba uMirriam wayesehlale nabo isikhathi eside ebasebenzela ngokwethembeka.✓ Babazi ukuthi akafundanga ngakho-ke wayethembele kubona ukuthi bamfundele konke okubhaliwe ngoba naye ebathemba.✓

**NOMA**

Akukholakali ngoba uMirriam wayengafundanga futhi engabonanga nokuthi uwinile.✓ Yibona ababephethi ithikithi likaMirriam okwakungabalula ukuthi bazithathele le mali bangamtsheli kwakumtshela.✓ (2)

- 9.9 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isu lokubikezela emaculweni kaGenyeza ngoba umculo udlulisa umyalezo onamandla mayelana nempilo.✓ Amaculo okubalisa ayebikezela uthando lwakhe noNomvula olungapheli kanye nokusongela uChule ngawo.✓ Agcina edale ingxabano emshadweni wabo, uChule enze isu lokubulala uNomvula kwagcina kufe yena. UNomvula wagcina eseshade noGenyeza.✓ (3)  
**[25]**

**NOMA**

## UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

### KUNJALO-KE – ME Wanda

QAPHELA:

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa ikhono lombhali lokuveza abalingiswa ngobunjalo babo kule noveli.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- ❖ Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze izindlela zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo.
- ❖ Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe, acaphune abuye asekele izindlela abalingiswa abavezwe ngayo ngobunjalo babo, ngokubhekisa kubalingiswa abanikeziwe kanye nezibonelo ezisuselwe kule noveli.
- ❖ Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekuvezeni kwabalingiswa ngobunjalo babo kule noveli.

#### 1. Isingeniso

Umbhali usebenzisa amakhono ahlukahlukene ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Isibonelo: oqotho, ozithandayo, onolaka, onesibindi, oyigwala njii. Umbhali abalingiswa angabaveza ngokubachaza, ngezenzo zabo, asebenzise abanye abalingiswa ukuveza abanye abalingiswa kanye nangendalela abakhuluma ngayo.

#### 2. Umzimba

##### (a) uDumazile

- **Akanasimilo.** Ubudedengu ngempilo yakhe. Uqome uthisha uMoloi efika esikoleni. Ukhuleliswa uthisha, waxoshwa esikoleni wazala nengane engashadile. Uqome uSithole olingana noyise wamzalela ingane enguMtholephi. Ungenisa amadoda ahlukene emzini wakhe ebe eshadile. Wembatha nabantu besilisa. Wayeya ocansini olungavikelekanga nabantu abahlukahlukene
- **Akahloniphi.** Uphendulana nothisha esikoleni. Ubiza umamezala wakhe ngomthakathi.
- **Akathembekile/unamanga.** Utshela ugogo kanye nabazali bakhe ukuthi kutelekiwe esikoleni kanti uxoshiwe ngoba ekhulelwwe.
- **Unobugebengu.** Wenze isu lokushiswa kwesitolo sikaSithole ehangene noMkhize.
- **Unesihluku.** Uxosha uSithole emzini wakhe ngoba eseyimpabanga ekubeni lo muzi wawuthengwe nguye uSithole.

## (b) uSithole

- **Akathembekile.** Uqonywe uDumazile ebe eganiwe. Udela umuzi nezingane zakhe wayohlala noDumazile eMlazi agcine esemzalise ingane. Uthengele uDumazile umuzi bengashadile inkosikazi yakhe ingazi. Utethele inkosikazi yakhe ngegciwane lesandulelangculazi. Ukungathembeki kwakhe kugcina ngokuthi ashone.
- **Unguthathekile.** Uthengela uDumazile izimpahla zokugqoka, imoto kanye nomuzi. Uhamba noDumazile ukuya ekhaya likaKheswa ngenhloso yokumlobola.

## (c) uMoloi (uZitike)

- **Ubudedengu ngempilo yakhe.** Uya ocansini olungaphephile noDumazile ebe azi ukuthi inkosikazi yakhe inegciwane lengculazi.
- **Akathembekile.** Uthandane noDumazile ebe eyingane yesikole efana nomzali kuye. Wakhulelisa uDumazile emva kwalokho wabaleka engahlawulile waphindela eGoli. Ubhanqa uMisi Hlophe noDumazile. Utethele uDumazile ngegciwane lengculazi eligcine libulale abantu abanangi, abanye babo abangenacala njengoMaNzimande.

## (d) uMisi Hlophe

- **Uyathukuthela.** Uthukuthelela udaba anganasiqiniseko salo uma ezwa omemu bekhuluma ngoDumazile osethandana nesoka lakhe.
- **Uthathela izinto phezulu.** Akaziniki isikhathi sokucubungulissa udaba aluzwayo uvele nje uqonda kuDumazile umbuze ngodaba lwakhe lokuthandana nothisha uMoloi. Akalindi ukuba athole iqiniso ngodaba ngothisha Moloi oyisoka lakhe kunalokho uqonda ingane yesikole.
- **Unesikhwele uzehlisa nesithunzi.** Uthandana nothisha Moloi ebe azi kahle ukuthi uganiwe. Ubukela phansi umsebenzi wakhe ngokuba awuhlanganise nokuthandana kwakhe noMoloi bese egcina engasafuni ukufundisa uDumazile eklasini lakhe. Ukhuluma ngengane yesikole emathoyilethi esikole lapho aziwe nangezinye izingane.
- **Unamagqubu.** Ugijima uyobikela abanye othisha uma ezwa nje ukuthi uDumazile ukhulelwelokho okwenza waxoshwa esikoleni uDumazile.

3. Isiphetho (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele ukusebenzisa ikhono lakhe lokusivezelwa abalingiswa ngezindlela ezahlukahlukene kule noveli yakhe. Lokhu kwenze ukuba abalingiswa bakholeke kanjalo nenoveli ibe noheho.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

**NOMA**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

- 11.1 Ukuthola kukaMisi Hlophe ukuthi uDumazile uthandana nothisha oyisoka lakhe. Ufunga uyagomela ukuthi ngeke esamfundisa ekilasini lakhe.√√ (2)
- 11.2 UDumazile ubonakala engabahloniphi omisi bakhe, uthandana nothisha. Udelela uMisi Hlophe ngokumtshela kwezikabhoqo ukuthi uthandana nesoka likaMisi, uyavuma ngaphandle kokungabaza ukuthi ukhulelwe.√ (2)
- 11.3 Utshela abanye omemu ukuthi ngeke asamfundisa i-Geography emva kokuthi uDumazile emtshele ukuthi uthandana ne-boy *friend* yakhe.√ Ugijima utshela umemu Mpungose ukuthi usola uDumazile ukuthi ukhulelwe.√ Wenza uthishomkhulu ukuthi amxoshe esikoleni.√ (3)
- 11.4 • UMaNzimande uxabana noSithole okungumyeni wakhe ngemuva kokutshelwa nguLizzy ukuthi uSithole uthandana noDumazile.√  
 • Ukuxabana kukaMaNzimande noSithole ngoba efuna kuxoshwe uDumazile ekhaya nasesitolo sakwakhe.√  
 • Ukuxabana kwabo bebanga ukuthi uSithole uyaqhube ka nokulala kwaDumazile eMafezini eMlazi kanti uDumazile ubuye alale noMkhize.√ (3)
- 11.5 Simveza njengomlingiswa onesihe, oyikholwa.√ Nakuba wayephoxekile ngezenzo zikamalokazana wakhe uDumazile owayengamthandi. Wanquma ukumxolela kukho konke akwenzile njengoba nendodana yakhe yaguliswa nguye uDumazile. Ukholelwa ekutheni akumele angalingeni izulu ngenxa yamagqubu nenzondo.√√ (3)
- 11.6 Kwakungaphela ubudlelwane obuhle phakathi kwakhe nomakhelwane.√ Wayengagcina edingisiwe endaweni√ ngoba sebembonile ukuthi akathembekile futhi unomhobholo.√ Kwakungagcina kuhlala yena emzini kaMaNdovela.√ (3)
- 11.7 Uxoshwa esikoleni ngenxa yokukhulelwa.√ Uxabanisa abazali bakhe nobaba wakhe umbiza ngonondindwa ngenxa yentukuthelo.√ Ubalekelwa uthisha uMoloi angezi nokuzumhlawula.√ Uphelelwa indawo yokuhlala kanye nomsebenzi kwaSithole ngenxa yokuthi uMaNzimande wayehletshelwe ukuthi uthandana noSithole.√ (Nezinye izimpendulo eziyohlaba esikhonkosini) (4)
- 11.8 Akwamukelekile ngoba uthisha umele umzali esikoleni nomthethosisekelo ulwela amalungelo abafundi ukuba bangabi yizisulu zokucekelwa phansi ngothisha.√√ (2)
- 11.9 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isu lokubikezela enkulumeni kaMaShandu onguninazala kaDumazile lapho ayetshela indodana yakhe uMtalaselwa ukuthi njengoba ethatha umuntu onezingane ezimbili zabanye abantu akwenzeki ahlukane noyise bezingane.√ UDumazile wayelokhu ebonana noSithole kanye noMoloi yize ayeseshade noMtalaselwa.√ UMtalaselwa wabona ephepheni ukuthi bekuhlangene uSithole noMoloi endlini yakhe belwa wathi uma efika ekhaya wafica UDumazile esebolekile.√ (3)  
**[25]**

**ISIQEPHU C: UMDLALO****UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo****QAPHELA:**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kuxoxwa ngesizinda somdlalo ngaphansi kwalezi zihlokwana: isikhathi/inkathi; indawo kanye nesimo senhlalo/sezinto.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
  - Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngesizinda salo mdlalo.

1. **Isingeniso:**

Isizinda sehlukaniswe izingxenye ezintathu ngale ndlela:

- Inkathi/Isikhathi: Lapha kuqondiswe inkathi indaba eyenzeka ngayo, kungaba isikhathi/inkathi yamanje noma yasemandulo.
- Indawo: Lapha kuqondiswe lapho indaba yenzeka khona, kungaba indawo yasemakhaya noma emadolobheni.
- Isimo senhlalo: Lapha kuqondiswe ekuhlalisaneni kwabalingiswa endabeni.

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo ayizibonelo mayelana nesizinda salo mdlalo:

2. **Umzimba:**

- **Isikhathi/Inkathi:**

Lo mdlalo wenzeka esikhathini/enkathini yanamuhla. INingizimu Afrika isikhululekile izingane zinamalungelo abokufika bavumelekile kuleli. UChivenga uhlala elokishini IakwaChappies engowokufika. UMdaluli usebenza efemini, ugcina ediliziwe kuyo ngoba isivalwa. Sithola iphoysa uZayeka nesiteshi samaphoyisa esikhona elokishini laseManden. Kukhona ihhovisi lezenhlalakahle lapho kusebenza khona uZenyezile, okungenye yezinto zesimanje. ULondiwe ufunda esikhungweni semfundo ephakeme, eMangosuthu. UMaMlanduli unqaba nendabandaba okuyilungelo lakhe. ULondiwe uyambophisa uMdaluli onguyise.

- **Indawo:**

Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni. Sithola uMdaluli nomndeni wakhe behlala endlini eselokishini, kwaChappies eManden. Amalungu omndeni kaMdaluli, uMaMlanduli nezingane zabo batholakala behleli kosofa endlini yokuphumula. UHeshane usebenza ehhovisi IoMnyango wezaseKhaya KwaDukuza.

Kunendawo YoSonhlalakahle, iziguli kanye namaphoyisa.

- **Isimo senhlalo:**

Siqala kunokuthula, uMdaluli ehleli kahle nomndeni wakhe, encokola, ejabule bexoxa ngemfundo yezingane. Isimo siyaguquka siba muncu emveni kokudilizwa kukaMdaluli emsebenzini. Simthola esenodlame, ehlukumeza umndeni wakhe, okuholela ekutheni agcine esebosehwa. Uba nomona ngempumelelo kaChivenga emsebenzini wakhe, okugcina ngokuba azame ukumkhinyabeza ngomuthi nokumlalela unyendle amlimaze. Ekugcineni kunenhlansana yethemba lokuthi kuzobuya ukuthula emndenini kaMdaluli emva kokuxolelana kwakhe nezingane kanye noChivenga esitokisini. Liyashabalala ithemba emva kokuvela kwezindaba ezibuhluntu zokubhubha kwabantu abanangi ngesikhathi kuzamazama umhlaba e-Sudan lapho ayevakashele khona uMdaluli.

(Umfundi uyokwenezela amanye amaphuzu, akhombise ulwazi lwencwadi nolokuhluza.)

3. **Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo):**

Wonke la maphuzu ayizibonelo ezibalwe ngenhla akhombisa ukuxhumana phakathi, kwesikhathi/inkathi, indawo kanye nesimo senhlalo. Ngakho-ke isizinda salo mdlalo sihleleke kahle. Lokhu kwenza umdlalo ulandeleke futhi ukholeke.

(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yabo).

## NOMA

### UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

#### KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

- |      |  |     |
|------|--|-----|
| 13.1 | Ukuveza kukaMaMlanduli ukuthi kunodaba asebecishe balukhohlwa ukulidlulisela kubaba kaLondiwe onguMdaluli nanokuthi lolu daba kumele lwethulwe ngumninilo onguLondiwe.✓✓   | (2) |
| 13.2 | UMdaluli unokumangala ukuzwa ngodaba azoluthulelwa uLondiwe✓. Lumenza abalise, aphefumulele phezulu, ashaye nekhwela ngenxa yokukhathazeka.✓   | (2) |
| 13.3 | Kumele kukhokhwe imali yesikole kungaze kushaye usuku lwangoLwesihlanu lokuphela kwenyanga.✓ Akekho umfundi oyovumeleka ukuhlalela izivivinyo zokuphela konyaka✓ kanti uma ikhokhwe yangaphelela, imiphumela iyogodlw.✓  | (3) |
| 13.4 | UMdaluli ukhathazeka kakhulu kunoManqina ngenxa yesimo sabo esingefani.✓ UMdaluli wayenomndeni ayewa evuka nawo nezikweletu ezazidalwa ukufundisa izingane,✓ kanti uManqina yena wayeyimpohlo engenazo izikweletu zokondla umndeni nokukhokhela izingane esikoleni.✓ | (3) |

- 13.5 Umbhali uhlose ukusivezela ukuthi kumele kube ngumama oletha ukuthula noxolo ekhaya, afundise nezingane inhlonipho kubaba wekhaya.✓ UMamlanduli ngaso sonke isikhathi uma ekhuluma nomyeni wakhe ubonisa inhlonipho ngokumbiza ngobaba.✓ Nakuba uMdaluli engasasebenzi usaqhubeka nokumhlonipha akaholelwa nakumalungelo okubophisa umyeni wakhe noma emshaya.✓ (3)
- 13.6 ULondiwe wayengagcina engamthembu uyise onguMdaluli.✓ UMdaluli wayezojeza ngendlela efanele bese izingane zonke zakhe noLondiwe zigcine zingenaye uyise onguMdaluli.✓ Ukuboshwa kukaMdaluli kwakungagcina kube nenzondo enkulu phakathi kwakhe noLondiwe.✓ (3)
- 13.7 ULondiwe usephila esikhathini samanje lapho izingane seziwazi amalungelo okuthi uma uhlukunyezwa noma ngabe ungakanani akuvumelekile.✓ Useyazazi nezinyathelo ezithathwayo njengoba esefunda nasekolishi.✓ ULondiwe usemdala ngokweminyaka futhi uvuthiwe ngokomqondo✓ Akathandi ukuhlala ekhaya elinodlame.✓ (4)
- 13.8 Ngiyavumelana ngoba ukuxolelana kukaMdaluli nezingane zakhe kanye noChivenga bese kuwubeke esicongweni umdlalo.✓ Ukuthola kukaMdaluli umsebenzi wokuba yimenenja enkampanini yeziqathulo kwenze isimo sabuyela kwesijwayelekile besingasekho isidingo sokuthi umbhali awuqhube umdlalo.✓

### NOMA

Angivumelani ngoba kwenze lo mdlalo waba nezixazululo ebisingeke sazi ukuthi zaxazululeka kanjani. ✓ Ukufika kukaZenyezile kwaMdaluli kwenze lo mndeni wabasethembeni lokuthi uma kwenzeka ubaba wekhaya ebalwa nabafile babezoqhubeka kanjani nempilo ikakhulukazi uLondiwe okwakunguye omdala ezinganeni. ✓ (2)

- 13.9 Ngiyazwelana naye ngoba ubemethemba uHeshane ukuthi uzomtholela umsebenzi✓ kepha wagcina emkhohlisile ngokumshadisa engazi. Ngangiyobika baboshwe bobabili ngoba umshado wethu wawuzobe ungakhiwanga esisekelweni seqiniso.

### NOMA

Angizwelani naye ngoba kwakungafanele amethembe uHeshane✓ uma ethi uzomtholela umsebenzi engazange asifake isicelo sawo njengoba agcina eseziqathola eshadiswe nomuntu angamthandiv. Beningabika emaphoyiseni futhi ngifake ise hlukaniso somshado.✓ (3)

[25]

### NOMA

## **UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

### ***AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa***

#### **QAPHELA:**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kuxoxwa ngesizinda somdlalo ngaphansi kwalezi zihlokwana: isikhathi/inkathi; indawo kanye nesimo senhlalo/sezinto.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
  - Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngesizinda salo mdlalo.

#### **1. Isingeniso:**

Isizinda sehlukaniswe izingxenye ezintathu ngale ndlela:

- Inkathi/Isikhathi: Lapha kuqondiswe inkathi indaba eyenzeka ngayo, kungaba isikhathi/inkathi yamanje noma yasemandulo.
- Indawo: Lapha kuqondiswe lapho indaba yenzeka khona, kungaba indawo yasemakhaya noma emadolobheni.
- Isimo senhlalo: Lapha kuqondiswe ekuhlalisaneni kwabalingiswa endabeni.

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo ayizibonelo mayelana nesizinda salo mdlalo:

#### **2. Umzimba:**

- Isikhathi/Inkathi:

Lo mdlalo wenzeka esikhathini sakudala, soguquko kusanda kufika abelungu abangamaNgisi kuleli. Sithola abelungu befika bezogoba amadlangala ezweni leNkosi uSalimani okuholela ekutheni oMphiliphi, uNgoza noNongejeni baguqulwe imiqondo bagcine sebengamambuka baphendukele iNkosi uSalimani. Kungeniswa imithetho kaHulumeni okwenza uSomtsewu noZithulele besabise uSalimani ngoHulumeni. Sithola izinkantolo njengetyaseMshwathi neyaseMgungundlovu lapho kwakuqulwa khona amacula ombango wezwe lenkosi uSalimani.

- Indawo:

Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya nasedolobheni. INkosi uSalimani udingida udaba lokugudluzwa kwemingcele nabafowabo kanye nezinduna zayo. Ngesikhathi iNkosi uSalimani yehlulwa icala enkantolo yaseMshwathi, yanquma ukuledlulisela enkantolo yaseMgungundlovu lapho afika wanqoba khona. Kuhlelwa izimbizo nemihlangano okuyinto eyenzeka endaweni yasemakhaya.

- Isimo senhlalo:

Sishubile kubangwa imingcele kanye nezwe. Izinto aziyihambeli kahle iNkosi uSalimani nabantu bayo ngenxa yodaba lwemingcele. Abantu beNkosi uSalimani abahlalisene kahle nabelungu, bayabacwasa bathi imfuyo yabantu beNkosi uSalimani ithelela imfuyo yakobelungu ngezifo futhi izalisa izinkomazi zabo uhlobo olungasile lwezinkomo. Abantu bakaMgqabula bahlaselva amabutho emzini kaMcondo okuholela ekuboshweni kukaNomehlo. Kukhona nokuhlalisana kahle. INkosi uSalimani iyabazisa abafowabo ayifuni balindiswe ngaphandle uma beze emzini wayo eTsheni. Uhlonipha bonke abantu ngoba ubabiza bonke embizweni ngisho nabesifazane imbala. Basaphila ngokulandela amasiko nemikhuba yesintu njengokususa ubuthi okhambeni lotshwala njengoba sithola kwenza uNomehlo. Indlela okuhlalwa ngayo kuba ngeyokuhlukana ngokobulili nezikhundla. (*Umfundi uyokwenezela amanye amaphuzu, akhombise ulwazi lwencwadi nolokuhlaza.*)

3. Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo):

Wonke la maphuzu ayizibonelo ezibalwe ngenhla akhombisa ukuxhumana phakathi, kwesikhathi/inkathi, indawo kanye nesimo senhlalo. Ngakho-ke isizinda salo mdlalo sihleleke kahle.

*(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yabo, babhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.)*

## NOMA

### UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

#### AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa

- |      |  |     |
|------|--|-----|
| 15.1 | Amabutho eNkosi ahlaselwe ngabantu bakaMgqabula, aziphindiselela agcina ngokuboshwa.✓✓   | (2) |
| 15.2 | UMcanjana ulungiselela onongqayi indawo ngokubandlalela izikhumba esililini sikaMaLuzindela.✓ Ukhombisa onongqayi indawo abazohlala kuyo.✓   | (2) |
| 15.3 | Amabutho abezisinela ahlaselwa ngabantu bakwaMgqabula, noMvomvozi kanye noMehlwemamba.✓ UMcondo wayesehamba eyokuza kepha wathola isiphelile impi.✓ Kwathi entathakusa wayesevuswa ibutho lamantombazane limazisa ngokuboshwa kwabantu beNkosi, wasezama ukuyokuza ukuthi abantu mabangaboshwa iNkosi ingatshelangwa kodwa wehluleka.✓ | (3) |
| 15.4 | UNomehlo uyinduna ethembekile yeNkosi eseenza ngokwethembeka, kanti uMphiliphili uyinduna engathembekile eNkosini Salimani.✓ UNomehlo umela iqiniso, usebenza ngokwethembeka wese ka iNkosi ngaso sonke isikhathi✓ kanti uMphiliphili usephenduke imbuka usethengisa ngeNkosi uSalimani kubelungu nakuHulumeni.✓                       | (3) |

- 15.5 Umbhali uhlose ukusivezelwa ukuthi umuntu ungabomthatha kancane omunye umuntu ngoba kungenzeka akhombise ubuhlakani obudlula wena.✓ Njengoba kwenzeka ukuthi uZithulele azame amaqhinga okuklama indawo kabusha kaSalimani. Ubuhlakani bukaSalimani bamenza wahluleka ukuthatha indawo emva kokuvota ngobhontshisi.✓ uSalimani wabe esedlulisela icala enkantolo enkulu yaseMgungundlovu lapho elafika lamthetha khona uSalimani.✓ (3)
- 15.6 UMphiliphili wayeyoqhubeka adlulise izindaba eziyizimfiho zasebukhosini. UZithulele agcine eseza zonke.✓ UZithulele wayeyoqhubeka egwazela uMphiliphili agcine ecebile.✓ Inkosi uSalimani wayengalahlekelwa nayizwe kanye nabantu bakhe.✓ (3)
- 15.7 uSalimani ukhombisa ukuba nolwazi ngomthetho kanye namalungelo.✓ Useyazi nezinyathelo ezithathwayo uma ngabe unganekanga ngesinqumo senkantolo.✓ Ubonise ukuvuthwa komqondo ngoba akakuthathanga kunjalo okwanqunywa inkantolo.✓ Wayezimisele ukulwela umhlaba nabantu bakhe ngokusebenzisa amalungelo akhe. Nebala icala lagcina limthethile.✓ (4)
- 15.8 Ngiyavumelana ngoba iNkosi uSalimani lagcina limthethile icala enkantolo yaseMgungundlovu.✓ Wonke amacala ayethweswe wona esulwa, izindleko zonke zecala zazizothwala uMqqabula.✓ (2)
- 15.9 Ngiyazwelana naye ngoba ubethemba ukuthi icala lizomthetha njengoba liqulwa ngabelungu.✓ Ubezikhohlisile ukuthi imali abeyikhokhela ofakazi iyobuya ngokuthola umhlaba.✓ Ngangiyoguquka ngihlale kahle nabantu ikakhulukazi uma babengisizile ngisaswele.✓ (3)

### NOMA

Angizwelani naye ngoba wayebabukela phansi abantu boHlanga olumnyama.✓ Wayengafanele enze imikhonyovu afune ukuqola uSalimani izwe lakhe.✓ Beningemukela isinqumo sejaji, ngishintshe indlela yokwenza ngoba sengifundile ukuthi ubuqili abukhokheli.✓ [25]

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 25  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80

**IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA****ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
<b>OKUQUKETHWE</b>  Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.  <b>7 AMAMAKI</b>	<b>6–7</b>  -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekeliwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	<b>4–5</b>  -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	<b>3–4</b>  -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko -Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	<b>2–3</b>  -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	<b>0–1</b>  -Akanalo nhlobo ulwazi lwersihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayoakanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI</b>  Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.  <b>3 AMAMAKI</b>	<b>3</b>  -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	<b>3</b>  -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	<b>2</b>  -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenzisiwe ngokugculisayo.	<b>1</b>  -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amanangi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	<b>0–1</b>  -Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amanangi kanye nesitayela esingagculisi neze.
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>9–10</b>	<b>7–8</b>	<b>5–6</b>	<b>3–4</b>	<b>0–2</b>

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
<b>OKUQUKETHWE</b>	<b>12–15</b>	<b>9–11</b>	<b>6–8</b>	<b>4–5</b>	<b>0–3</b>
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. <b>15 AMAMAKI</b>	-Impendulo enembayo: 14–15 -Impendulo enhle kakhulu: 12–13 -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu Iwenoveli/lomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi Iwenoveli/Umdlalo luyabonakala.	-Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekelive, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenene Iwenoveli/umdlalo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane Iwenoveli/umdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu Iwesihloko -Umzamo ontekteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayoakanalo nhlobo ulwazi Iwenoveli/umdlalo.
<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI</b>	<b>8–10</b>	<b>6–7</b>	<b>4–5</b>	<b>2–3</b>	<b>0–1</b>
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. <b>10 AMAMAKI</b>	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>20–25</b>	<b>15–19</b>	<b>10–14</b>	<b>5–9</b>	<b>0–4</b>